



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**FEBRUWARI/MASHI 2016**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 100**

**Le memorandamu inamakhasi ayi-13.**

## **ISIQEPHU A: IMEMORANDAMU YEZINDABA**

### **QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi & isitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu kuhlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engehla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engehla noma engezansi.
- Umqondo mawuphelele esigabeni esisodwa noma kwesilandelayo.
- Okungenani mazibe zimbili kuphela izigaba ezethula/ezixoxa ngomqondo owodwa, mazingadluli kulokho.
- Makuqalwe umqondo omusha esigabeni esisha. .

**ISIQEPHU A: AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI [AMAMAKI ANGAMA-50]**

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<b>OKUQUKETHWE &amp; UHLAKA</b>  (Izimpendolo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela uhlaka Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo  <b>AMAMAKI ANGAMA-30</b>	Ingxenywe engenhlia	<b>28–30</b>	<b>22–24</b>	<b>16–18</b>	<b>10–12</b>	<b>4–6</b>
		-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekumbisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoinco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono eshaya emhloveni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyanelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhloveni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Impendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali kunokuphindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
	Ingxenywe engezansi	<b>25–27</b>	<b>19–21</b>	<b>13–15</b>	<b>7–9</b>	<b>0–3</b>
		-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo enembayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo engashayi emhloveni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<b>ULIMI, ISITAYELA &amp; UKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama ayahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi  <b>AMAMAKI AYI-15</b>	<b>Ingxenywe engenhlia</b>	<b>14–15</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha nhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	<b>11–12</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	<b>8–9</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo. -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo. -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	<b>5–6</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokugcunglisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	<b>0-3</b> -Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
		<b>Ingxenywe engezansi</b>	<b>13</b> -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	<b>10</b> -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	<b>7</b> -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	<b>4</b> -Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo
<b>ISAKHIWO</b>  Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho  <b>AMAMAKI AYISI-5</b>		<b>5</b> -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	<b>4</b> -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukulandelana -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	<b>3</b> -Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	<b>2</b> -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	<b>0–1</b> -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo
		<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>43–50</b>	<b>33–40</b>	<b>23–30</b>	<b>13–20</b>

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe
- SK : Isakhiwo
- L : Ulimi
- ST : Isitayela
- PT : Amaphutha
- HL : Uhlaka

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa**

- QHI = 30 (25+5)
- LSP = 15 (8+4+3)
- Sk = 05

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

'S-I – i-aphostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono./ebelingasetshenzisiwa

/ – ukwehlukana amagama

() – ukuhlukanisa amagama

PP - ukuphindaphinda

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba:
  - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  - (ii) Zihleleke kahle/umqondo osekelayo.
  - (iii) Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
  - (i) Siyisigaba esisodwa
  - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

<p><b>1.1 Leli Iqhawe/Iqhawekazi Lami</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ubani lowo okukhulunywa ngaye.</li> <li>• Ungowaphi.</li> <li>• Yini eyenza abe iqhawe/iqhawekazi lami</li> <li>• Izinto engizifunda kuyena.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko</p>	<p><b>1.2 Ubuhle Nobubi Bokuba Ngusaziwayo.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Umuntu onjani obizwa ngosaziwayo?</li> <li>• Amathuba avelayo ngokuba usaziwayo.</li> <li>• Izinto ozenzayo ezigqamisa okuhle/okubi</li> <li>• Udumo emaphepheni, komabonakude nezinye izindawo.</li> <li>• Ukuphatheka/Ukuphathwa komndeni wakho.</li> <li>• Isimo sokuphepha.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.3 Imali Iyikho Konke Yini Empilweni Yomuntu?</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <p>Abavumayo bangathi:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Imali ikwenzela konke okufunayo.</li> <li>• Awubinazo izinkinga zezikweletu.</li> <li>• Ungakwazi ukusiza abanye abantulayo.</li> </ul> <p>Abaphikayo bangathi:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Imali ayikwenzeli konke okudingayo empilweni.</li> <li>• Ukuba nemali kukudonsela amanzi ngomsele.</li> <li>• Ukuzibona ungcono kunabanye.</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>
<p><b>1.4 ... Alikho Iqiniso Emhlabeni.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Yiliphi lelo qiniso?</li> <li>• Isigameko esenzeka.</li> <li>• Wakuthola kanjani okwenzeka kuwena?</li> <li>• Kwaba namthelela muni empilweni yakho lokho okwenzeka.</li> <li>• Yisiphi isifundo owasithola?</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.5 Kubalulekile Ukwamukela Lokho Oyikho.</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Wonke umuntu udalwe ngendlela yakhe engafani neyomunye</li> <li>• Yamukela lokhu oyikho.</li> <li>• Buka umndeni ovela kuwona.</li> <li>• Buka amakhono, amathalente neziphwi zakho.</li> <li>• Zithuthukise kulokhu oyikho.</li> <li>• Ungaziqhathanisi nabanye abantu</li> <li>• Ungazenyenzi</li> </ul> <p>Nokunye okuhambisana nesihloko.</p>	<p><b>1.6.1 Isithombe</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Isikole esixube izinhlanga</li> <li>• Ukwamukelana kwezingane.</li> <li>• Ukuhlonipha amasiko abanye abantu.</li> <li>• Ukwakheka kobuhlobo phakathi kwabafundi bezinhlanga ezahlukene.</li> <li>• Amathuba okuba sesikoleni esixube izinhlanga</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi.</p>

<p><b>1.6.2 Isithombe</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Isomiso</li> <li>• Siwathola kanjani amanzi?</li> <li>• Izindlela zokonga amanzi</li> <li>• Imiphumela yesomiso: -indlala -imfuyo -izitshalo -umnotho wezwe</li> <li>• Ukubaluleka kwamanzi empilweni</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi</p>	<p><b>1.6.3 Isithombe</b></p> <p>Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:</p> <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ukusha komuzi- indawo nosuku</li> <li>• Isizathu sokusha</li> <li>• Umonakalo owadaleka</li> <li>• Usizo olwatholakala</li> </ul> <p><b>QAPHELA:</b> Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhalwe ngumfundi</p>	
---	--	--

**ISIQEPHU B:****AMARUBRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-30]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<b>OKUQUKETHWE NESAKHIWO</b>  Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo  <b>AMAMAKI AYI-18</b>	<b>15–18</b>  -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Isakhiwo esifanele nesicacile	<b>11–14</b>  -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Akunamaphutha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko --Isakhiwo esifanele esinamaphushana	<b>8–10</b>  -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathele kahle esihlokweni – inamaphutha ambalwa -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Isakhiwo esifanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	<b>5–7</b>  -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Ukulandelana kwamaphuzu kokuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo -Kukhona okumbalwa okubalulekile	<b>0–4</b>  -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo uyanhlanhlatha kunamaphutha amaningi -Imibono ayilandelani nhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo
<b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama lizimpawu zokuloba kanye nesipelingi <b>AMAMAKI AYI-12</b>	<b>10–12</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo.	<b>8–9</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha	<b>6–7</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo.	<b>4–5</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele.	<b>0–3</b>  -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>25–30</b>	<b>19–23</b>	<b>14–17</b>	<b>9–12</b>	<b>0–7</b>



**Amamaki azocazwa ngale ndlela:****Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe
- SK : Isakhiwo
- L : Ulimi
- ST : Isitayela
- PT : Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa**

- QSk = 18
- LSP = 12 (7+3+2)

**OKULINDELEKILE****2.1 INCWADI YOBUNGANI:**

- Linye ikheli
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isib. (16 kuNdasa 2011/16 Mashi 2011)
- Isibingelelo.
- Isingeniso esingaveza inhloso yokubhala.
- Umzimba.
- Isiphetho.
- Akavalelise akhombise ubuhlobo obuphakathi kombhali wencwadi nobhalelwayo  
Isibonelo: Yimina Umshana  
uSibonelo

- Okulindelekile: (i) Isingeniso  
(ii) Umzimba (ungaba yizigaba ezimbili)  
(iii) Isiphetho (makuvele ukugoqeka komlayezo)  
(iv) Amagama awabe inani elifanele.

**2.2 UMLANDO NGOMUFI:**

- Kuqala ngesihloko esiqamile esinamagama kamufi aphelele
- Usuku lokuzalwa nalolo ashone ngalo.
- Mawubhalwe ngenkathi edlule.
- Imininingwane ngomufi; isibongo, amagama, indawo nosuku lokuzalwa.
- Imininingwane yabazali bakhe.

- Imininingwane yemfundo.
- Imininingwane yomsebenzi
- Amagalelo akhe- emndenini nasemphakathini.
- Abantu abashiyile.
- Umusho/Umyalezo omfishane wokuvalelisa Isib: Lala uphumule Mntungwa .... (nokunye)
- Amagama awabe inani elifanele.

### 2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI:

- Isihloko, indawo, usuku nesikhathi
- Ukuvulwa komhlangano
- Abaxolisile
- Abakhona
- Ukufundwa kwamaminithi
- Okuvuka emaminithini
- Ezintsha
- Okujwayelekile
- Ukuvala
- Amagama awabe inani elifanele.

### 2.4 INGXOXO/IDAYALOGI:

- Isihloko
- Isingeniso (sifakwa kubakaki)
- Indlela yokubhala inkulumo-mpendulwano:
  - abakhulumayo baqanjwa amagama
  - abafakwa abacaphuni
  - amakholoni wonke awaqondane emva kwamagama abakhulumayo
  - inkulumo yomuntu ayingabhalwa ngaphansi kwegama lokhulumayo.
- Ingxoxo mayikhule ifike kuvuthondaba
- Isiphetho masibe nesixazululo
- Amagama awabe inani elifanele.

**ISIQEPHU C:  
AMARUBRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMFISHANE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI  
ANGAMA-20]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<p><b>OKUQUKETHWE NESAKHIWO</b></p> <p>Impendulo nemibono Ukuhlela imibono Izimpawu/izimiso kanye nesimo</p> <p><b>AMAMAKI AYI-12</b></p>	<p><b>10–12</b></p> <p>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Isakhiwo esifanele nesicacile</p>	<p><b>8–9</b></p> <p>-Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Akunamaphutha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Isakhiwo esifanele esinamaphushana</p>	<p><b>6–7</b></p> <p>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathele kahle esihlokweni – inamaphutha ambalwa -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Isakhiwo esifanelekile kodwa esinamaphutha ambalwa</p>	<p><b>4–5</b></p> <p>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha -Ukulandelana kwamaphuzu kokuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo -Kukhona okumbalwa okubalulekile</p>	<p><b>0–3</b></p> <p>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amaningi -Imibono ayilandelani nhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo</p>
<p><b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b></p> <p>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi</p> <p><b>AMAMAKI AYISI-8</b></p>	<p><b>7–8</b></p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo</p>	<p><b>5–6</b></p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha</p>	<p><b>4</b></p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo</p>	<p><b>3</b></p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele</p>	<p><b>0–2</b></p> <p>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu</p>
<b>UKWABIWA KWAMAMAKI</b>	<b>17–20</b>	<b>13–15</b>	<b>10–11</b>	<b>7–8</b>	<b>0–5</b>

**Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:**

- Q : Okuqukethwe
- SK : Isakhiwo
- L : Ulimi
- ST : Isitayela
- PT : Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa**

- QSk = 12
- LSP = 08 (4+2+2)

**OKULINDELEKILE**

**3.1 ISIKHANGISI**

- Masifakwe ebhokisini.
- Igama lokukhangiswayo maligqame
- Ifonti mayehluke.
- Indawo, isikhathi lapho umkhiqizo utholakala khona.
- Izinhlobo zamakhekhe
- Imininingwane egcwele ngalokhu okukhangiswayo
- Amagama awabe inani elifanele.

**3.2 IPHOSKHADI**

- Malifakwe ebhokisini.
- Isitembu kanye nekheli lobhalelwayo ngasesandleni sokudla.
- Bhala usuku ngokugcwele.
- Ukubingelela.
- Isingeniso.
- Umzimba.
- Isiphetho.
- Ukuvalelisa.
- Amagama awabe inani elifanele.

### 3.3 IRESIPHI

- Isihloko: U-curry wenkukhu.
- Izithako.
- Izilinganiso/Izikalo.
- Indlela yokwenza.
- Isikhathi esidingekayo sokuwupheka.
- Inani labantu abangawudla.
- Ungawudla nani? Isb. uphuthu, irayisi, ujeqe, njll  
Amagama awabe inani elifanele

### OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFUSHANE BEMIBHALO

- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 1–5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 6–10 kuyosuswa imaki elilodwa.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 11–15 kuyosuswa amamaki ama–2.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 16 kuya ku–20 kuyosuswa amamaki ama–3.